

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

ISIMO SESHEDULI YOKUPHEPHA NOBUNGOZI BOMUTHI

S3

Amaphilisi anongwengwezana iDYNA LEVETIRACETAM 250 mg

Amaphilisi anongwengwezana iDYNA LEVETIRACETAM 500 mg

Amaphilisi anongwengwezana iDYNA LEVETIRACETAM 750 mg

Levetiracetam

Amaphilisi iDYNA LEVETIRACETAM awanawo ushukela.

NGAPHAMBI KOKUBA UQALE UKUSEBENZISA IDYNA LEVETIRACETAM FUNDA

NGOKUCOPHELELA LONKE LELI PHESHANA LOLWAZI

- Ligcine leli pheshana lolwazi. Kungenzeka ukuthi kudingeke ukuba uphinde futhi ulifunde.
- Uma uneminye imibuzo engeziwe, buza udokotela wakho, usokhemisi, umhlengikazi noma omunye umhlinzeki wosizo lwezempilo nokwelashwa.
- IDYNA LEVETIRACETAM iqondene nawe kuphela futhi inikezwe wena, ngakho-ke ungalokothi wabelane ngayo nabanye abantu. Kungenzeka bona ibalimaze, nakuba nabo benezimpawu ezifana nezakho.

Okuqukethwe kuleli pheshana lolwazi

1. Iyini iDYNA LEVETIRACETAM futhi isetshenziselwani?
2. Okumele ukwazi ngaphambi kokuba usebenzise iDYNA LEVETIRACETAM
3. Isetshenziswa kanjani iDYNA LEVETIRACETAM
4. Imithelela engathandeki okungenzeka ibe khona
5. Indlela yokugcina iDYNA LEVETIRACETAM
6. Okuqukethwe ephaketheni lamaphilisi kanye nolunye ulwazi

1. Iyini iDYNA LEVETIRACETAM futhi isetshenziselwani?

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

IDYNA LEVETIRACETAM ngumuthi wesithuthwane (isifo sokuwa) futhi isetshenziswa yodwa ukwelapha:

- ukudlikiza komzimba ngendlela engalawuleki kubantu abadala kanye nasezinganeni ezineminyaka engaphezu kwe-16 ubudala, ngenkathi kuhlonzwa okokuqala ukuthi baphethwe yisifo sokuwa, noma isetshenziswe ngokuhlanganyela nomunye umuthi wesithuthwane
- ukudlikiza kwemisipha yomzimba, okubizwa phecelezi, nge*myoclonic seizures* (ukudlikiza okufushane komsipha womzimba noma kweqoqwana lemisipha yomzimba okuhambisana nomuzwa othi mawufane nowokubanjwa wugesi) okwenzeka kubantu abadala kanye nasezinganeni ezisesigabeni sokuthomba kusukela eminyakeni eyi-12 ubudala, eziphethwe yisifo sokuwa esibonakala ngokudlikiza kwemisipha yomzimba esihlasela izingane ezikulesi sigaba, esibizwa phecelezi nge*juvenile myoclonic epilepsy*
- ukudlikiza kwemisipha yomzimba okungalawuleki okubandakanya kokubili ukuqina nokudlikiza kwemisipha, okubizwa phecelezi, nge*primary generalised tonic-clonic seizures* (okungamafithi anamandla kakhulu, kubandakanya nokuquleka) okwenzeka kubantu abadala kanye nasezinganeni ezisesigabeni sokuthomba kusukela eminyakeni eyi-16 ubudala eziphethwe yisithuthwane esiwufuzo, phecelezi, i-*idiopathic generalised epilepsy* (okuwuhlobo lwesifo sokuwa okucatshangwa ukuthi imbangela yaso wufuzo).

2. Okumele ukwazi ngaphambi kokuba usebenzise iDYNA LEVETIRACETAM

Ungalokothi usebenzise iDYNA LEVETIRACETAM:

- uma umzimba wakho ungezwani nesithako i*levetiracetam* noma uma ungezwani nanoma yisiphi esinye isithako samaphilisi iDYNA LEVETIRACETAM (bheka isigaba 6)
- uma ukhulelwe, noma uma usola sengathi ukhulelwe noma uma usancelisa umntwana wakho.

Izixwayiso kanye nezinto okumele uziqikelele

Qaphela kakhulu uma usebenzisa iDYNA LEVETIRACETAM:

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

- uma unemicabango yokuzilimaza noma yokuzibulala. Uma unanoma yiziphi izimpawu zengcindezi yengqondo kanye/noma imicabango yokuzibulala, xhumana nodokotela wakho ngokushesha
- uma uhlushwa yizinkinga zezinso, noma ungaphansi kohlelo lokwelashwa ngokuthi kuhlanzwe igazi lakho ngomshini, landela imiyalelo kadokotela wakho. Kungenzeka anqume ukuthi kumele uguqulwe umthamosilinganiso wakho
- uma unokuxinwa kakhulu yisifo sesibindi
- uma unemfiva ephakeme noma unezifo ezikuphatha ziphindelela, noma unokugula okuphathelene negazi, njengoba udokotela kungenzeka ukuthi enze ukuhlolwa kwegazi futhi aqaphe isimo sakho
- uma unemicabango exakile nengajwayelekile, uma uzizwa unenhliziyi encane noma uthatha izinto ngolaka kunokwejwayelekile, noma uma wena noma umndeni wakho nabangani niphawula izinguquko ezisemqoka esimweni sakho sengqondo nomphefumulo noma kwindlela oziphatha ngayo
- uma uyeka esithubeni nje ukusebenzisa iDYNA LEVETIRACETAM, kungenzeka zikhule izigameko zokuhlaselwa kwakho wukudlikiza komzimba okungalawuleki. Tshela udokotela wakho uma kwenzeka uhlaselwa wukudlikiza komzimba okusha noma uma ziba zimbi kakhulu izigameko zokudlikiza komzimba. Ungalokothi uyeke ukusebenzisa iDYNA LEVETIRACETAM ungakaqali ngokukhuluma nodokotela wakho, ngisho usuzizwa ungcono imbala (bheka isigatshana esithi Imithelela lapho kuyekwa ukwelashwa).

IDYNA LEVETIRACETAM akumele inikezwe izinsana kanye nezingane ezingaphansi kweminyaka eyi-12 ubudala.

Ukusetshenziswa kweminye imithi neDYNA LEVETIRACETAM

Kumele ngaso sonke isikhathi umazise umhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa uma kukhona nanoma iyiphi eminye imithi oyisebenzisayo. (Lokhu kubandakanya nemithi eyizondlamzimba

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

kanye nemithi yesintu.)

- eminye imithi yokwelapha isithuthwane (enjenge*phenytoin, carbamazepine, valproic acid, phenobarbital, lamotrigine, gabapentin* kanye ne*primidone*), njengoba kungenzeka iphazamise indlela esebenza ngayo iDYNA LEVETIRACETAM
- *iprobenedicid* (umuthi osetshenziselwa ukukhuphula i-*uric acid* ekhishwa yizinso ezigulini ezinesifo igawuthi (*gout*), njengoba lokhu kungaphazamisa indlela esebenza ngayo iDYNA LEVETIRACETAM
- *imethotrexate* (umuthi osetshenziselwa ukwelapha izinhlobo ezithile zomdlavuza), njengoba ukusetshenziswa kweDYNA LEVETIRACETAM kungakhuphula amazinga *emethotrexate* egazini lakho.

Ungalokothi usebenzise *imacrogol* (esetshenziswa njengomuthi wokuhlambulula/wokuhlansa isisu) esikhathini esiyihora ngaphambi noma ngemuva kokusebenzisa iDYNA LEVETIRACETAM, njengoba lokhu kungaholela ekutheni iphelelwe ngamandla okusebenza kahle.

Ukuphuza iDYNA LEVETIRACETAM nokudla kanye nophuzo

IDYNA LEVETIRACETAM kumele uyiphuze ngomlomo, uyigwinye noketshezi futhi ungayiphuza nokudla noma uyiphuze ngaphandle kokudla.

Ukukhulelwa, ukuncelisa kanye nokuba sesimweni sokuzala nokuthola abantwana

Uma ukhulelwe noma usancelisa umntwana wakho, noma uma ucabanga ukuthi mhlawumbe ukhulelwe noma uma uhlela ukuthola umntwana, bonana nodokotela wakho, usokhemisi noma omunye ungoti wosizo lwezempilo nokwelashwa ngaphambi kokuba usebenzise lo muthi. Ungalokothi usebenzise iDYNA LEVETIRACETAM uma ukhulelwe, noma uma usola sengathi ukhulelwe. Xhumana nodokotela wakho ngokushesha.

Ungalokothi usebenzise iDYNA LEVETIRACETAM uma usancelisa umntwana wakho (bheka isigatshana esithi Ungalokothi usebenzise iDyna Levetiracetam).

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

Ukushayela kanye nokusebenzisa imishini

IDYNA LEVETIRACETAM kungenzeka ikwenze uzizwe wozela noma unesiyezi. Akulula ukubikezela njalo ukuthi iDYNA LEVETIRACETAM izoba nomthelela ongakanani emisebenzini yansukuzonke yesiguli. Iziguli kumele ziqinisekise ukuthi aziyenzi imisebenzi eshiwo ngenhla kuze kufike isikhathi lapho sezibonile ukuthi iDYNA LEVETIRACETAM iziphatha kanjani emzimbeni.

3. Isetshenziswa kanjani iDYNA LEVETIRACETAM:

Ungalokothi wabelane nanoma yimuphi omunye umuntu ngemithi onikezwe yona ngumhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa ngoba iqondene nawe kuphela. Kumele njalo iDYNA LEVETIRACETAM uyiphuze ncimishi ngendlela akuyalele ngayo udokotela wakho. Kumele ubuze udokotela wakho noma usokhemisi uma ungaqinisekile.

Uma isetshenziswa yodwa iDYNA LEVETIRACETAM:

Kubantu abadala kanye nezingane ezineminyaka esukela kweyi-16 ubudala:

Umthamosilinganiso onconyiwe, uma usaqala ukwelashwa, ngama-250 mg kabili nsukuzonke, okumele ukhushulwe emuva kwamaviki amabili uyofinyelele kumthamosilinganiso wokuqala ongama-500 mg kabili nsukuzonke. Umthamosilinganiso ungaphinda futhi ukhushulwe ngamanye ama-250 mg kabili nsukuzonke, njalo emuva kwamaviki amabili, okuzoya ngokubona kukadokotela ukuthi isimo sesiguli sinjani. Umthamosilinganiso ophelele wansukuzonke ngama-1 500 mg kabili nsukuzonke.

Uma iDYNA LEVETIRACETAM isetshenziswa ngokuhlanganyela neminye imithi yokwelapha isithuthwane:

Kubantu abadala kanye nezingane ezineminyaka engaphezu kwe-12 ubudala:

Umthamosilinganiso onconyiwe ngama-500 mg kabili nsukuzonke. Ngokubona isimo emzimbeni emuva kokusebenzisa lo muthi kanye namandla omzimba okubekezelela umuthi umthamosilinganiso wansukuzonke ungakhushulwa uze uyofinyelele kuma-1 500 mg kabili nsukuzonke. Umthamosilinganiso ophelele wansukuzonke ngama-3 000 mg.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

Udokotela wakho kungenzeka awuguqule umthamosilinganiso wakho ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi uthola imiphumela emihle kulo muthi.

Izingane:

Izingane ezineminyaka eyi-12 kuya kweyi-17 ubudala ezinesisindo esingaphansi kwama-50 Kg:

Umthamosilinganiso onconyiwe ngama-10 mg/kg kabili nsukuzonke.

Ngokubona isimo emzimbeni emuva kokusebenzisa lo muthi kanye namandla omzimba okubekezelela umuthi, umthamosilinganiso ungakhushulwa uze uyofinyelele kuma-30 mg/kg kabili nsukuzonke.

IDYNA LEVETIRACETAM akumele inikezwe izingane ezineminyaka engaphansi kwe-12 ubudala.

Udokotela wakho uzokutshela ukuthi kuzothatha isikhathi eside kangakanani ukwelashwa kwakho ngeDYNA LEVETIRACETAM. Ungalokothi uyeke ukudla amaphilisi akho ngaphambi kwesikhathi ngoba lokho kungakhuphula izigameko zokuhlaselwa kwakho wukudlikiza komzimba okungalawuleki. Uma ubona sengathi iDYNA LEVETIRACETAM inamandla ngokweqile noma sengathi ayinawo neze amandla, tshela udokotela wakho noma usokhemisi.

Uma uphuze iDYNA LEVETIRACETAM engaphezulu kwaleyo okumele uyiphuze

Uma kwenzekile waphuza umthamosilinganiso wamaphilisi oweqile, bonana nodokotela wakho noma usokhemisi. Uma uhluleka ukuthola omunye walaba, xhumana nesibhedlela esiseduze nawe noma isikhungo esilawula ubuthi/ushevu.

Izimpawu zomthamosilinganiso wamaphilisi oweqile kungenzeka zibandakanye lokhu:

- Ukozela, ukuyaluzwa ungabi nasinqe futhi ube nenhliziyo encane, ulaka, ukwehla kwesimo sokuqaphela nokubona okwenzekayo, ukuvimbeleka kokuphefumula kanye nokuquleka isikhathi eside (*coma*).

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

Uma kwenzeka ukhohlwa ukuphuza iDYNA LEVETIRACETAM

Uma kwenzeka ukhohlwa ukuphuza iDYNA LEVETIRACETAM, yiphuze ngokushesha emuva kokukhumbula ukuthi kumele uyiphuze. Uma sekusondele isikhathi sokuphuza umthamosilinganiso olandelayo, ungabe usawuphuza lowo mthamosilinganiso ongawuphuzanga futhi uqhubeke uphuze umuthi njengokujwayelekile ngesikhathi esilandelayo esibekiwe. Ungalokothi uphuze imithamosilinganiso yamaphilisi ephindwe kabili ngenhloso yokuvala isikhala semithamosilinganiso okhohliwe ukuyiphuza.

Uma uyeka ukusebenzisa iDYNA LEVETIRACETAM

Kusemqoka ukuthi uqhubeke ulandele uhlelo lokwelashwa. Ungalokothi uyeke ukwelashwa ngaphambi kwesikhathi ngoba kungenzeka zikhule izigameko zokuhlaselwa kwakho wukudlikiza komzimba okungalawuleki. Ungalokothi uyeke ukusebenzisa iDYNA LEVETIRACETAM ngaphandle uma udokotela wakho ekutshela ukuthi ukwenze lokho.

4. Imithelela engathandeki okungenzeka ibe khona

IDYNA LEVETIRACETAM kungenzeka ibe nemithelela engathandeki emzimbeni.

Akuyona yonke imithelela engathandeki ebikiwe yeDYNA LEVETIRACETAM efakiwe kuleli pheshana lolwazi. Uma siba sibi isimo sakho sempilo jikelele, noma uma uzwa umthelela ongemnandi futhi ongathandeki emzimbeni ngenkathi usebenzisa iDYNA LEVETIRACETAM, bonana nomhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa ukuze uthole ukwelulekwa.

Uma kwenzeka noma yikuphi kulokhu okulandelayo, yeka ukusebenzisa iDYNA LEVETIRACETAM futhi utshele udokotela wakho ngokushesha noma uphuthume emnyangweni wezimo eziphuthumayo esibhedlela esiseduze nawe:

- ukuvuvukala kwezandla, izinyawo, amaqakala, ubuso, izindebe, umlomo noma umphimbo okungenza kube nzima ukugwinya noma ukuphefumula
- ukuqubuka noma isikhumba esilumayo.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

Konke lokhu kuyimithelela engathandeki ebucayi kakhulu futhi enobungozi. Uma unayo le mithethelela, kusho ukuthi kunokwenzeka ukuthi umzimba wakho awuzwananga neze neDYNA LEVETIRACETAM oyisebenzile. Kungenzeka udinge usizo lokwelashwa oluphuthumayo noma ukulaliswa esibhedlela.

Tshela udokotela wakho ngokushesha noma uphuthume emnyangweni wezimo eziphuthumayo esibhedlela esiseduze nawe uma ubona okunye kwalokhu okulandelayo:

- izimpawu zezinguquko ezinkulu esimweni sengqondo noma uma umuntu oseduze nawe ephawula izimpawu zokudideka, ukozela okunamandla, ukukhohlwa (*amnesia*), ukulibala/ukuvamisa ukungakhumbuli izinto (*forgetfulness*), ukuziphatha okuxakile nokungajwayelekile
- izinkinga zengqondo, ukuguquka kwesimo somphfumulo noma sengqondo, ukuyaluza ungabi nasinqe futhi ube nenhliziyo encane, ukungabi nentshisekelo empilweni, ukuzibona njengomuntu osephusheni, ukuziphatha ngendlela ehlukile kuleyo elindelekile kumuntu, ukushesha uzwele kakhulu, ukuzibulala, ukuzama ukuzibulala, imicabango yokuzibulala, ukuziphatha ngendlela exakile nengajwayelekile, ukubona izinto ezingekho, ulaka, ukuba sesimweni sokudideka, ukufikelwa ukwethuka, ukuguquququka kwesimo semizwa, ukucabanga ngendlela exakile nengajwayelekile
- i*Stevens-Johnson syndrome* (isifo sesikhumba esingambulala nokumbulala umuntu esihambisana nezimpawu ezinjengomqubuko obomvu ngokusabukhwebezane kanye namabhamuza) nanoma yimaphi amanye amabhamuza azungezwe yindilinga emnyama onqenqemeni noma umqubuko onamandla ohambisana nokuxebuka kwesikhumba
- izimpawu ezinjengomthamo ophansi womchamo, ukukhathala, isicanucanu, ukuhlanza, ukudideka kanye nokuvuvukala emilenzeni, emaqakaleni noma ezinyaweni, njengoba lokhu kungaba wuphawu lokwehla ngokushesha kokusebenza kwezinsu.

Konke lokhu kuyimithelela engathandeki ebucayi futhi enobungozi. Kungenzeka kudingeke ukuba uthole usizo lokwelashwa oluphuthumayo.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

Tshela udokotela wakho uma ubona okunye kwalokhu okulandelayo:

Imithelela engathandeki evamile ukubonakala:

- ukuphelelwa wuthando lokudla, isifo sokuzizacisa
- ukucasuka kalula, itwetwe nexhala, ingcindezi yengqondo, unya, inkinga yokungafikelwa wubuthongo, uvalo, ulaka
- isiyenzi (umuzwa ojikelezayo), ikhanda elibuhlungu, izinkinga zokulala, ukudlikizela komzimba, inkinga yokungabi nebhansi, ukungqangqazela okuzenzekelayo futhi okungalawuleki, ukungabi namandla noma umdlandla
- ukubona sengathi izinto ziphindaphindeke kabili, amehlo afiphele
- *vertigo* (umuzwa ojikelezayo)
- isifo sohudo, inkinga yokungagayeki kahle kokudla, isicanucanu, ukuhlanza, isisu esibuhlungu
- amafinyila, ukuvuvukala kwezimbobo zamakhala, umphimbo obuhlungu, ukukhwehlela, umkhuhlane
- ukuqubuka esikhunjeni
- ubuhlungu bemisipha yomzimba, ubuthakathaka bemisipha yomzimba, ukungakwazi ukulawula ngokuphelele ukunyakaza komzimba
- ubuthakathaka noma ukukhathala ngendlela engagwayelekile.

Imithelela engathandeki engavamile ukwenzeka:

- ukungenwa yizifo
- ukuncipha kwenani lezingqalampilo zegazi ezibomvu kanye/noma izingqalampilo zegazi ezimhlophe kanye/noma izinhlayiyana zegazi ezilekelela igazi likwazi ukwenza amahlule (*platelets*)
- ukwehla emzimbeni, ukuzimuka (ukukhuluphala), ukuncipha komthamo wesodium egazini
- ukucekeleka phansi kwezinhlayiyana zemicu yemisipha yomzimba, umonakalo kumathishu

IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM

emisipha yomzimba

- ukuvuvukala kwesibindi, inkinga yokuhluleka kwesibindi ukusebenza, imiphumela yokuhlolwa kwesibindi ebonisa okungajwayelekile
- umuzwa oshisayo noncinzayo (*pins and needles*), ukukhohlwa, inkinga yokungakhumbuli izinto/ukulibala, ukuphazamiseka kwamandla okugxilisa ingqondo, iminyakazo yomzimba exakile nengajwayelekile ezenzekelayo, inkinga yokuphazamiseka kweminyakazo eyenziwa ngenhloso, ukukhula kweminyakazo yemisipha yomzimba
- ukuvuvukala kamasayinasi (okubizwa ngesinusitus)
- i-eczema, ukuluma komzimba, ukuqothuka kwezimwele
- Ukulimala.

Uma ubona noma iyiphi eminye imithelela engathandeki engabhaliwe kuleli pheshana lolwazi, tshela udokotela wakho noma usokhemisi.

Ukubika imithelela engathandeki

Uma uphathwa yimithelela engathandeki, khuluma nodokotela wakho noma usokhemisi. Lokhu kubandakanya ngisho naleyo mithethelela engathandeki okungenzeka ikuphathe kodwa engabhaliwe kuleli pheshana. Futhi ungayibika imithelela engathandeki kwabakwaSAHPRA ngokusebenzisa ifomu lokubika imithelela engathandeki ("**6.04 Adverse Drug Reporting Form**"), elitholakala ku-inthanethi ngaphansi kwemibhalo namaphepha ashicilelwe abakwa-SAHPRA: <https://www.sahpra.org.za/Publications/Index/8>. Ngokubika imithelela engathandeki, ungalekelela ekuhlinzekweni kolwazi oluthe xaxa maqondana nokuphepha kweDYNA LEVETIRACETAM.

5. Indlela yokugcina iDYNA LEVETIRACETAM

Yonke imithi kumele uyigcine endaweni ezingafinyeleli kuyona izingane.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

Amaphilisi wacine ezingeni lokushisa elingama-30 °C noma ngaphansi kwalokho. Izingqwenjana eziyizigcinamaphilisi kumele zigcinwe kwibhokisana lamaphilisi kuze kufike isikhathi lapho sekudingeka ukuba zisetshenziswe.

Ungawasebenzisi emuva kosuku lokuphelelwa kwawo yisikhathi olubhalwe kwibhokisana lawo.

Yiphindisele emuva kusokhemisi wakho yonke imithi engasetshenziswanga.

Ungalokothi ulahle imithi engasetshenziswanga ezinhlelweni zamapayipi okuchitha amanzi noma okuthutha indle (isibonelo, ezindlini zangasese).

6. Okuqukethwe ephaketheni lamaphilisi kanye nolunye ulwazi

Okuqukethwe yiDYNA LEVETIRACETAM

Isithako sokwelapha esiyinhloko esiqukethwe ephilisini ngalinye leDYNA LEVETIRACETAM 250 mg siqukethe *ilevetiracetam* engama-250 mg.

Isithako sokwelapha esiyinhloko esiqukethwe ephilisini ngalinye leDYNA LEVETIRACETAM 500 mg siqukethe *ilevetiracetam* engama-500 mg.

Isithako sokwelapha esiyinhloko esiqukethwe ephilisini ngalinye leDYNA LEVETIRACETAM 750 mg siqukethe *ilevetiracetam* engama-750 mg.

7. Ezinye izithako yilezi:

Ezisengxenyeni engaphakathi yephilisi:

Croscarmellose sodium, magnesium stearate, maize starch, microcrystalline cellulose, povidone, silica colloidal, talc.

Engxenyeni ewungwengwezana lwephilisi:

Opadry eluhlaza okwesibhakabhaka AMB 84F80803: (FD & C eluhlaza okwesibhakabhaka #2/Indigo carmine aluminium lake)

Opadry ephinki AMB 84F 84674: (FC & C ephuzi #6 Sunset yellow FCF aluminium lake, iron oxide ebovu, iron oxide ephuzi)

Opadry emhlophe AMB 84F58775

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

Opadry ephuzi AMB 84F82508: (Iron oxide ephuzi)

Izithako ezivamise ukutholakala kwizinhlobo zongwengwezana lwe-Opadry:

Macrogol 3350, macrogol 6000, polyvinyl alcohol (ingxenye eyenziwe ngomfuthoketshezi), talc, titanium dioxide.

**8. Indlela ebukeya ngayo iDYNA LEVETIRACETAM kanye nalokho okuqukethwe
ephaketheni layo**

DYNA LEVETIRACETAM 250 mg:

Ingamaphilisi anongwengwezana anombala oluhlaza okwesibhakabhaka, amise okukanxande, futhi aqumbile kancane nhlangothi zombili, ohlangothini olulodwa anombhalo oqoshiwe ongunombolo “250” kanti ngakolunye uhlangothi anomugqa onqamula phakathi.

DYNA LEVETIRACETAM 500 mg:

Ingamaphilisi anongwengwezana anombala ophuzi, amise okukanxande futhi aqumbile kancane nhlangothi zombili, ohlangothini olulodwa anombhalo oqoshiwe ongunombolo “500” kanti ngakolunye uhlangothi anomugqa onqamula phakathi.

DYNA LEVETIRACETAM 750 mg:

Ingamaphilisi anongwengwezana anombala osapetshisi, amise okukanxande futhi aqumbile kancane nhlangothi zombili, ohlangothini olulodwa anombhalo oqoshiwe ongunombolo “750” kanti ngakolunye uhlangothi anomugqa onqamula phakathi.

Amaphilisi iDYNA LEVETIRACETAM atholakala kwizingqwenjana ezingumsweswana eziyizigcinamaphilisi, ezibonisa okungaphakathi, ezakhiwe nge *PVC/Aluminium* eziqukethe amaphilisi ayi-10. Izingqwenjana ezingumsweswana eziyizigcinamaphilisi eziyisithupha (6 x 10) noma ezintathu (3 x 10) zifakwe kwibhokisana likakhadibhodi.

9. Umnikazi Wesitifiketi Sokubhaliswa

Pharma Dynamics (Pty) Ltd

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZAMAPHILISI IDYNA LEVETIRACETAM**

1st Floor, Grapevine House, Steenberg Office Park

Silverwood Close

Westlake, Cape Town

7945, South Africa

+27 21 707 7000

10. Leli pheshana lolwazi lagcina ukubuyekwezwa ngo-

Lwezi 2021

11. Inamba yokubhaliswa

DYNA LEVETIRACETAM 250 mg: A44/2.5/0368

DYNA LEVETIRACETAM 500 mg: A44/2.5/0369

DYNA LEVETIRACETAM 750 mg: A44/2.5/0370

NAMIBIA:

DYNA LEVETIRACETAM 250 mg: NAM NS2 13/2.5/0178

DYNA LEVETIRACETAM 500 mg: NAM NS2 13/2.5/0179

DYNA LEVETIRACETAM 750 mg: NAM NS2 13/2.5/0180